# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngomkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 03. 06. 2012 30/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 142/125

2. **Umkhuleko:** Nkosi ethandekayo Jesu Kristu, siyacela kuwe ngenhliziyo yonke, sithi: Mawusingcwelise ngeqiniso lakho, izwi lakho liyiqiniso. Amen

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 11:32-36;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 3:1-15.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 140/123

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe kwabaseEfesu 1:3-14, lithi: “Makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu osibusisile ezulwini kuKristu ngesibusiso sonke sokomoya, njengalokho asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe-ngcwele, singabi-nakusolwa phambi kwakhe; wasimisela ngaphambili ukuba sibe-ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphé wona ngesihle ngaye oThandiweyo; esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe awuvamisa kithi ngakho konke ukuhlakanipha nokuqonda, esazisa imfihlakalo yentando yakhe njengokuzibonela kwakhe azimisela khona ngaphambili, kuze kube-yihlelo lokuphelela kwezikhathi lokuba kuhlanganiselwe ndawonye kuKristu konke okusezulwini nokusemhlabeni; kuyena esabelwa futhi ifa kuye, esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando yakhe, ukuze sibe-ludumo lwenkazimulo yakhe, thina esethemba ngaphambili kuKristu; kuye nani esenizwile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu, enakholwa nguye futhi, nani nabekwa uphawu olunguMoya oNgcwele wesithembiso oyisibambiso sefa lethu, kube-ngukuhlengwa kokungokwakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yakhe.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo likaNkulunkulu, angizange ngifunde ihubo elihle, elikhulu kangaka. Angilazi iculo elinye elidumisa ubukhulu bukaNkulunkulu kanjalo. Kuyafuneka ukuba sifunde onke lawomazwi ngekhanda ukuba abe nathi emini nasebusuku, ukuba agcwalise ingqondo, umoya, nenhliziyo yethu, yebo, agcwalise, ajabulise umzimba nomphefumulo.

Yeka ukujula kwengcebo, nokuhlakanipha, nokwazi kukaNkulunkulu! Yeka ukujula kothando, umusa, nobubele bukaNkulunkulu! Yeka ukujula komnqondo, inhliziyo, noMoya kaNkulunkulu! Phambi kwezizindlo zakhe ezingaphenyekiyo siyathula nje. Phambi kwezindlela zakhe ezingaqondakaliyo siyaguqa amadolo nje. Phansi kwezibusiso zakhe ezingakhulumekiyo siyaphinda nje okulotshiwe lapha ngokuzithoba okukhulu nangentokozo yonke.

Kuyabonakala, kuyezwakala masinyane ukuthi sihlulekile ukuchasisela esikufunda lapha ekuqaleni kwencwadi kwabaseEfesu. Ngokufaneleyo ngiyaguqa phansi nje phambi kwe-aletare likaNkulunkulu ngibonge, ngikhuleke, ngithandaze ngalawomazwi amakhulu njengalokhu kwenziwe ngumphostoli weNkosi. Ngifanele ukuhlabelela kanye nebandla lonke, ngibabaze, ngidumise ngalawomazwi amahle. Ithekisi lonke lingumusho munye omude nje ngesiGreki. Awekho onqi ngesiGreki. Kuyahalaliswa uthando lukaNkulunkulu ngumbongi odumisayo, ocula izibongo phambi kwenkosi yakhe. Kuyahalaliswa imfihlakalo yentando kaNkulunkulu eyambuliwe, nezindlela zakhe ezimangalisayo.

Leliphistola lezwi lentshumayelo elihle lanamuhla lifuna ukusidonsa ukuba nathi sibonge kanjalo, nathi sifunde leliculo elihle lokuthi udumo malube kuNkulunkulu uYise, nakuyo iNdodana, nakuye uMoya oNgcwele. Lelizwi elikhulu likaNkulunkulu, lentshumayelo yanamuhla lifuna ukusisiza ukuphila nokuhamba kanjalo, ukuze sibe ludumo lwenkazimulo yakhe. Kathathu siyafunda leligama elithi: ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe. Wozani, ningiphelekezele, wozani, ningisize, wozani, nihlangane nami ukubonga lemfihlakalo eyambuliwe yothando lukaNkulunkulu uBaba, owasikhetha phambi kokudalwa kwezulu nomhlaba, siyibonge iNdodana yakhe uJesu Kristu owasihlenga thina phambi kokuzalwa kwethu, simbonge uMoya ongcwele osisindisayo, owayekhona phambi kwezikhathi zonke, osiholele, osasihola eqinisweni ngezwi lakhe.

Yebo, “makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu osibusisile ezulwini kuKristu ngesibusiso sonke sokomoya, njengalokho asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe-ngcwele, singabi-nakusolwa phambi kwakhe; wasimisela ngaphambili ukuba sibe-ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba-kuhle kuye ngentando yakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphé wona ngesihle ngaye oThandiweyo.”

Angithi, yilelo nalelogama liyasibiza lapha, liyasidonsa, liyasivuselela lithi: Wozani, nizwe ukuthi nikhethiwe! Wozani, nizwe ukuthi nikhethiwe eNkosini! Zanini, nikholwe ukuthi senilungiselwe konke! Wozani, namukele isibusiso sikaNkulunkulu uBaba. Vulani izinhliziyo zenu, vulani izindlebe zenu, vulani imiphefumulo yenu, vulani amehlo enu, nikholwe, nibone isandla sikaNkulunkulu uBaba ekuphileni kwenu. Usithandile njalo, njengokuba esidalile kanjalo; wasipha ubuntwana nefa lokuphila thina-zoni ezimpofu ezilahlekileyo nezilahliweyo ngokwemvelo yethu, wasimisela ngaphambili ukuba sibe-ngabantwana kuye ngoJesu Kristu. Okusho ukuthi sikhishiwe ebugqilini bukaSathane, sikhululiwe kukho ukufa nakuwo amandla esono.

Yenziwa kanjalo intando yakhe yomusa ezulwini nasemhlabeni, liyathandwa kanjalo ibandla lakhe, ngiyathandwa kanjalo mina, uyathandwa kanjalo wena, we mzalwane! Siyathandwa ngaye oThandiweyo kaNkulunkulu, iNdodana yakhe ezelwe iyodwa uJesu Kristu, "esinokuhlengwa kuye ngegazi lakhe, ukuthethelelwa kwezono ngokwengcebo yomusa wakhe awuvamisa kithi ngakho konke ukuhlakanipha nokuqonda, esazisa imfihlakalo yentando yakhe (eyambuliwe) njengokuzibonela kwakhe azimisela khona ngaphambili, kuze kube-yihlelo lokuphelela kwezikhathi lokuba kuhlanganiselwe ndawonye kuKristu konke okusezulwini nokusemhlabeni."

UJesu Kristu wasifela thina, wachitha igazi lakhe elingcwele, ukuze sihlengwe thina nesinto sonke. Kanjalo siyamukeliswa intethelelo yezono zethu zonke. Kanjalo siphiwa ukuphila okungapheliyo nokusindiswa okuphakade. Nank' umusa kaBaba osezulwini; uyasikhetha kanjalo ngoKristu. Nank' umgomo wezindlela zikaNkulunkulu, ukuba kuhlanganiselwe ndawonye kuKristu konke okusezulwini nasemhlabeni: uNkulunkulu nomuntu, uMdali nesidalwa, ukuphila nokufa, ubuphakade nesikhathi, abaJuda nabezizwe, umuntu nomuntu, wena nami, thina sobabili eNkosini uKristu. Nans' imfihlakalo yezindlela zikaNkulunkulu eyambuliwe, nans' imfihlakalo yentando yakhe eyambuliwe nguKristu: insindiso yethu, ukuba sibe-munye futhi noNkulunkulu uYise neNdodana noMoya oNgcwele. Nakh' ukuhlakanipha isibili nokuqonda isibili, ukuba sibe-munye eNkosini uKristu Jesu.

Nakh' ukuhlakanipha nokuqonda okuyikho ukuba sizwe izwi leqiniso kuye uMoya oNgcwele osikhombisa inhloso yokuphila kwethu: "Kuyena esabelwa futhi ifa kuye, esakumiselwa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando yakhe, ukuze sibe-ludumo lwenkazimulo yakhe, thina esethemba ngaphambili kuKristu; kuye nani esenizwile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwenu, enakholwa nguye futhi, nani nabekwa uphawu olunguMoya oNgcwele wesithembiso oyisibambiso sefa lethu, kube-ngukuhlengwa kokungokwakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yakhe."

Nakh' ukuhlakanipha nokuqonda ukuba samukelwe emandleni kaMoya oNgcwele osihola eqinisweni lonke, sikholwe ngokungangabazi, sikholwe ngokungazanyazanyiswa, sikholwe njengomntwana, sibonge ukuphila nokufa kukaJesu Kristu nokuvuka kwakhe kwabafileyo. UMoya oNgcwele uyasebenza ezinhliziyweni zethu ngezwi leqiniso, ngevangeli elihle lokusindiswa kwethu, ukuba sibe-nethemba, yebo, sibe-nokwazi kukho okuzayo, sishiye indlela endala yezono, siqonde phezulu, lapho ifa lethu elihle lisilindela khona. UNkulunkulu makasisize kulokhu, ukuba sifinyelele khona, siphile ngokwentando yakhe, ukuze sibe-ludumo lwenkazimulo yakhe. Makabongwe igama leNkosi! Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu Baba wethu othandekayo osezulwini, siyabonga umusa wakho omuhle wokusihawukela phambi kokuzalwa kwethu. Nkosi ethandekayo Jesu Kristu, siyabonga nothando lwakho olungakhulumekiyo olwasihlenga ngalo ngokusifela eGolegotha. Nkosi, Mduduzi, Moya oNgcwele, siyabonga ngenhliziyo yonke, ngokuba

usiphile izwi leqiniso, ivangeli lokusindiswa kwethu. Nkulunkulu Mthathwemunye, qinisa ukukholwa kwethu, ukuze sibe-ludumo lwenkazimulo yakho. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 139/122

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1994/2006 ngu-K. G. Tiedemann.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.